EDENDALE
EJETHU 29 September 2017 Page 23

BAZOBONELELWA ABOHLELO LWE EPWP

UTHEMBISA ukuzisukumela zonke izinkinga ezibhekene nezisebenzi ezingaphansi kohlelo lwe Extended Public Works Programme (EPWP) okuwuhlelo lukazwelonke uhulumeni wesifundazwe.

Lesi isibophezelo esiqhamuke neBamba leNhloko yoMnyango wakwa Public Works KwaZulu-Natali uMnuz Thulani Mdadane obelule imkhono ephelezelwa iziphathimandla bekhuculula izitaladi zase Msunduzi. Inkinga yokungcola iyinkinga ekhungethe amadolobha amaningi okudalwa ukufudukela kwabantu kuwo amadolobha.

Loluhlelo kusuke kuhlonzwe ngalo ukuba kufukulwe umphakathi ngokuba uthole amathuba emisebenzi yesikhashana. UMdadane ubephelezelwa iziphathimandla ebekukhona kuzo UMqondisi walo loluhlelo uMnuz Xolani Xulu kanye no Sinegugu Mncube oyiBamba lika Mphathi kumasipala wesifunda soMgungundlovu.

UMdadane uthe ngeke bapholise amaseko ngokuba babhekane nezethulo eziqhamuka kubo labo ababambe iqhaza kulo lolulehlolo.

" Ziningi izikhalazo esizizwile okukhona kuzo ezithinta ama kontileka, ezemihlomulo kanye nalezo zemifaniswano kwasize khona abakubeke obalab ukuthi banenkinga yokuba namapheya awodwa awo umfaniswano," kusho uMdadane.

Uthe ukukhuluma nje bebezohlangana neziphathimandla zomasipala abahlukene kuwo isifunda ukuze babek badlulisele lezi zethulo kumasipala.